Archiving – ukukhweza amalekhodi nemilando

Amalekhodi nemilando - Pacsa 1979-1999

Mervyn Abrahams umphathi omusha wakhwa Pacsa, Joan Kerchoff ongunkosikwa ka Peter Kerchoff ongasekho emhlabeni kanye no Nazim Gani umphathi omusha weAlan Paton. Isithombe sithwetshulwe abakwa *The Witness*.

Jewel Koopman, Joan Kerchhoff and Mary Gardner - abasebenza ngamalekhodi nomlando ka Pacsa. Isithombe sithwetshulwe abakwa *The Witness*.

I-Pietermaritzburg Agency for Christian Social Awareness (Pacsa) inhlangano eyasungulelwa iqoqo lamakholwa eholwa UPeter Kerchhoff ngo 1979. Lenhlangano yasungulwa ngenjongo yokuqoqa ulwazi lwangempela ngesimo sobandlululo esasihaqe uMzansi Afrika. Lolu lwazi olweminyaka esuka ku 1979 ukuya 1999.

Ulwazi olwaluqoqwa lwagcinwa yilenhlangano lubandakanya, izimpi zezepolitiki, imithetho yezokuphepha, ukufa kwababeboshiwe emajele, ukudla okuncane okungenamsoco, amaholo angalingani kanye nokudla imbuya ngothi kwabamnyama.

Ngokuka Peter Kerchhoff lenhlangano yasungulwa ngethemba lokuthi uma ngabe amakholwa ayenolwazi ngobandlululo, kukhona okuthile ayengakwenza. UKerchoff wayekholelwa ukuthi amakholwa ayenokuthi ayengakwenza ukulwisana nobandlulo.

Lolu lwazi olunayo yonke imiiningwane ngokwakwenziwa kubantu ngesikhathi sobandlululo lugcwele amabhokisi angu 75, nezithombe ezigcwele amabhokisi amahlanu kanye nezithombe ezihambayo (slides).

Ukusukela ngomhla ka 9 February 2013 amalekho alolu lwazi aqoqwe ndawonye anikwa ikhaya e- Alan Paton Centre and Struggle Archives (APC), eseNyuvesi yakwaZulu Natali, e-Pietermaritzburg. Ilapho onke amalungu omphakathi anesifiso sokufunda ngalolu lwazi, abenza ucwaningo kanye nabezemilando bezoluthola khona.

Kwakuyini omunye umsebenzi wePacsa ngesikhathi sobandlululo? Ngesikhathi sobandlulo amahhovisi ePacsa ayaziwa njengendawo yokuphephela yalabo ababehlushwa amaphoyisa, nababebalekela ezinye izinhlobo zodlame. Ngeminyaka yo 1980 kuya ko 1990 uPasca waxhasa ababeboshiwe nemindeni yabo kanye nalabo ababelimele nabashona empini yobandlululo. UPacsa wayenika abantu ulwazi lweqiniso ngokuphathwa ngokungalingani kwabantu baseMzansi.

Siyabonga kwabakwaPacsa ngokusigcinela lolu lwazi kuze kube yinamuhla. Isizukulwane sezizukulwane sizokwazi okwakwenzeka ngengxa yokugcinwa kwalolu lwazi.

Ngesonto elizayo: Kuyini ukukhweza amalekhodi nemilando?

UNazim Gani ophethe i-Alan Paton umema onke amalungu omphakathi, abafundi, othisha, abacwaningi nabanye ukuthi bavakashe bezofunda, bafune ulwazi kanye nomlando wakuleli e-Alan Paton.

Ukukhwezwa kwamalekhodi nemilando

Izinhlangano eziningi zenza imisebenzi emihle emiphakathini. Kepha uma ngabe sezifa, zifa nawo wonke umlando womsebenzi ezawenza. Izizukulwane ezizayo kumele zithembele olwazini oluxoxwa ngomlomo ukuze zazi ukuthi isimo sasinjani ngesikhathi kusebenza lezi zinhlangano.

Kubalulekile ukuthi abantu bazi lapho bevela khona ukuze bazi ukuthi kungani isimo singendlela esiyiyona. Ngakho kubaluleke kakhulu ukulondoloza ulwazi kanye nemininingwane ebalulekile yezimpilo zethu.

Enye yezindlela zokugcina nokulondoloza imilando ibizwa 'archiving' okuchaza ukuthi indawo yokukhweza amalekhodi nemilando.

Ukukhweza amalekhodi nemilando kwenziwa ngobuciko obukhulu. Kuqala ngokuba kukhethwe lawo malekhodi nemilando ezogcinelwa ukuqhubeka isetshenziswe. Umuntu ofundele ukwenza lomsebenzi ubizwa ngomkhwezi wamalekhodi nemilando (archivist). Uyena lowomuntu othola, ahlele, akhweze amalekhodi ngendlela efanele ukuze atholwe nayisizukulwane esizayo.

Izibonelo zamalekhodi alondoloziwe zibandakanya amaphepha ezindaba, izithombe, amalekhodi angamatheyiphu rekhoda, izincwadi ezibhalwe ngesandla nokunye.



Lesi sithombe singezinye zezibonelo zamalekhodi omlando kaPacsa alondolozwe e-Alan Paton Centre

Lamalekhodi agcinwa endaweni enokushisa nokubanda okwakhelwe ukuthi agcineke kahle ephephile. Okubaluleke kakhulu nokwenza indawo yokukhweza amalekhodi kanye nemilando yehluke, ukuthi inamalekhodi olwazi olungakaze lushicilelwe.

Ukulondolozwa kwamalekhodi kulekelela kakhulu abacwaningi, abalobi, kanye nezizukulwane ezizayo. Amalekhodi alondolozwea endawenio yokukhweza amalekhodi neomilando angasetshenziswa futhi njengobufakazi uma kwenzeka kubekwa umlando ngendlela engafanele noma engeyona.

Ngesonto elizayo: Alan Paton Centre

Cabangisisa ngodaba lokulondoloza amalekhodi nomlando bese uphendula lemibuzo elandelayo

Uzizwa kanjani ngokukhwezwa kwamalekhodi nemilando?

Unawo yini amalekhodi omlando esonto lakho, omndeni wakho noma omphakathi wakho ofisa ukuwalondoloza?

Kungani ungasunguli ukulondoloza amalekhodi omndeni noma omphakathi azotholwa izizukulwane ezizayo?

Izibonelo zamalekhodi alondoloziwe:

Lamalekhodi atholakala kumalekhodi kaPasca e-Alan Paton Centre: UKZN

1. Impi eyasuka e-Edendale Natal Witness ngo 20/07/1991
2. Incwadi eyabhalwa uMandela kushone uPeter Kerchoffs
3. Izithombe (isibonelo abasebenzi bokuqala bakwaPacsa 1979-1989)
4. Amatheyiphu rekhoda
5. Amalekhodi abantu ababoshwa noma ababulawa ngesikhathi somzabalazo
6. Umngcwabo kaSikhumbuzo Mbatha